IBhayibheli LaBantwana
Likulethela



UJesu Uhlangabezana Nesikhathi Esinzima

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S.

Indaba 38 kwezingu 60

www.M1914.org

Bible for Children, *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu Zulu

Ngenkathi uJesu ebhabhadiswa, uNkulunkulu wathi: "wena uyindodana yami ethandekayo; ngithokozile ngawe." Umoya kaNkulunkulu wahlela kuJesu njengejuba.

1

Umoya kaNkulunkulu waqhubela uJesu ehlane. UJesu wayeyedwa ehlane.



2

Wayesehlane izinsuku ezingamashumi amane engadli ezile ukudla. Lokhu kusho ukuthi walamba kakhulu.

3

Ibhayibheli lithi wayendawonye nezilwane zasendle.

4

Usathane wafika ezolinga uJesu. Kudala, waqala ngokulinga u-Adamu no-Eva ukuba bephambane nomthetho kaNkulunkulu engadini yase-Idene. Manje noJesu wayezo vivinywa uSathane njengo-Adamu no-Eva.

5

USathane wayengazama nokulinga ngisho nendodana kaNkulunkulu, uJesu.



6

Wayesethi kuye uSathane: "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho kulelitshe ukuba libe yisinkwa." Weyazi ukuthi uJesu ulambile. Weyazi ukuthi indodana kaNkulunkulu ingakwazi ukushitsha itshe libe yisinkwa. Kaze uJesu uzomulalela yini uSathane.

7

Kepha waphendula wathi: Kulotshiwe ukuthi: "Akusinkwa sodwa umuntu ayophila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

8

Khona uSathane wamthatha, wamyisa emzini ongcwele, wammisa esiqongweni sethempeli, lapho abantu babedumisa khona uNkulunkulu. Kaze wayesezokwenzani uSathane?



9

"Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi lapha, ngoba kulotshiwe ukuthi uNkulunkulu uyokuyaleza izingelosi ngawe zikuthwale," Kusho uSathane.



10

"Cha! Kulotshiwe nokuthi: 'Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.'"



11

USathane wabuye wamyisa entabeni ende kakhulu.

12

Wamkhombisa imibuso yonke yezwe nenkazimulo yayo. Wathi kuye: "Konke lokhu ngizakunika kona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi."



13

"Suka kimi Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: 'Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, ukhonze yena yedwa.'"



14

USathane wayesemshiya. UNkulunkulu wenza into enhle emvakalokho. Wathumela izingelosi ukuyonakekela nokududuza indodana yakhe uJesu – ongawelanga esilingweni sikaSathane.



UJesu Uhlangabezana Nesikhathi Esinzima

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Matthew 4, Luke 4

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!